HILLCRST HIGH SCHOOL

UKUHLOLWA KUKA-AGASTI 2013

ISIZULU ULIMI LOKUNGEZELELA

IBANGA LESHUMINAMBILI (GRADE 12)

ABALUNCELA EBELENI (MOTHER TONGUE)

IPHEPHA LOKUQALA (PAPER 1)

ISIKHATHI: 2 Amhr.

IMIKLOMELO: 80

ISIBONGO ------------------------------

IGAMA---------------------------

MNIKE ISONGO LAKHE !!!!!!

IMIYALELO KUMFUNDI:

- FUNDISISA LONKE iphepha ngaphambi kokuqala ukubhala.
- MUSA ukuxova izinombolo zemibuzo
- Sebenzisa isiZulu esivumelekile
- Bhala umsebenzi OHLANZEKILE.
- Sebenzisa UBHALOMAGAMA oluvumelekile.
- HLUKANISA kahle ISIKHATHI umbuzo ngamunye ukuze uqede kahle ukubhala.
- Qala isiqephu ngasinye ekhasini ELISHA.
- FUNDISISA iphepha lakho uma uqeda ukubhala.

ISIQEPHU A

1. Fundisisa indatshana elandelayo bese uphendula imibuzo ebuziwe ngemisho EPHELELE.

# Wenza imali ngemvunulo yesintu nemihlobiso yayo

Bayazenzela abesifazane

Siqhakambisa intuthuko kwezamabhizinisi, ezemfundo, ezepolitiki, njalonjalo...

PHILI MJOLI
phili.mjoli@inl.co.za



Isithombe: THOKOZANI NDLOVU



UNKK Funeka Dlamini odayisa ngemisiko yesintu Isithombe: THOKOZANI NDLOVU

UKUGQOKA imvunulo yesintu ehlukahlukene uma ehambela imicimbi kwavulela owesifazane ibhizinisi lokudayisa imvunulo.

UNkk Funeka Dlamini odabuka eMthatha kodwa osezinze eThekwini onesitolo esidayisa imvunulo nezingubo zesintu i- Classical Collections eGlenwood uthi wayengaqondile ukuvula isitolo kodwa wagqugquzelwa ngabantu ababethanda izingubo zakhe bembuza ukuthi uzithenga kuphi.

"Ngikhule ngivele ngizithanda izingubo zesintu kodwa uthando lukhule kakhulu ngesikhathi sengingumelaphi wendabuko. Ngelinye ilanga ngizishaya ziphelele ezakwaXhosa, uma ngithanda ngifake ezakwaZulu, ezamaPedi, amaVenda, abeseSotho nezinye izihlanga. Abangibonayo bacabanga ukuthi ngiyazithungela bese befuna ukuthi ngibadayisele," kusho yena.

Wabona ithuba ngoba uyabazi abathungi abathunga lolu hlobo lwezingubo wavula isitolo.

"Bakhona abanye abantu noma izitolo ezidayisa izingubo zesintu mina ngazitshela ukuthi ngizokwehluka ngokuthi ezami ngizozilanda lapho kungezakhona. Ngithenga okungenani ezinhlanu eziwumbala nephethini eyodwa ukuze zingagcwali yonke indawo ngoba abesifazane abayithandi into egcwele umhlaba wonke. Uma kungezamaVenda ngizozilanda khona ngoba ziwungqo futhi bona bazazi kahle ukuthi zigqokwa kanjani," kusho yena.

Lesi sitolo sivulwe nyankenye kulo nyaka uthi ugqokise amalunga esishayamthetho ngesikhathi sivulwa okumkhombise ukuthi sesidumile.

"Angazi ukuthi bezwa ngobani ukuthi kunesitolo esinjengalesi ngoba bengingakagxili ekukhangiseni bengisafuna ukuthenga zonke izinhlobo zezingubo, ubuhlalo nakho konke okuhambisana nakho ukuze kungathi uma umuntu ethi ufuna ukugqoka uhlobo oluthile ngihluleke ukukuthola," kusho yena.

UNkk Dlamini uthi akagcini nje ngokuba nesitolo sezingubo kodwa ubuye ahlele imicimbi apheke.

"Uma ngithole ikhasimende elifuna ukuhlotshiselwa ngesintu lisho ukuthi lifuna imihlobiso yalo ibe ngeyaluphi uhlanga ngikhipha unyawo. Ngiyathanda ukumeluleka ukuthi enze okwehlukile, zonke izingubo zesiNguni zichaza okuthile yingakho kubalulekile ukuthi ube nolwazi ngazo ungazigqoki emcimbini ongafanele," kuchaza yena.

Uqhube wathi wakhetha ukuthi isitolo sakhe singabi senkabeni yedolobha ukuze athole indawo engaphithizeli.

"Kwesinye isikhathi uma usemusha ebhizinisini usuke unezinto eziningi ofuna ukuzenza indawo engaphithizeli iyakuvumela ukuthi wenze konke okucabangayo. Uma kwehluleka ukuyeke uzame okunye ungenayo ingcindezi," kuchaza yena.

1.1 Ubani igama lentatheli ebhale ngale ndaba? (1)

1.2 Le ndaba beyiphume ngaphansi kwasiphi isihloko/ ingosi ephephandabeni? (1)

1.3 Yini inhloso yokuthi kubekhona ingosi enjenga le ephephandabeni? (2)

1.4 UNkk. Dlamini kudalwe yini ukuthi agcine esaziwa ngohlobo lwezimpahla azigqokayo? (2)

1.5 Waqala ezithenga kuphi izimpahla zakhe adume ngazo uNkk. Dlamini? (1)

1.6 Yini eyayenza ukuthi azithenge lapho usho khona uNkk. Dlamini izimpahla zakhe? (2)

1.7 Kungenzeka ukuthi umsebenzi abevele ewenza engakaqali ukuzidayisa lezi zimpahla uNkk Dlamini bewenza kubelula ukuthi azithenge emnyombweni wazo. Vumela noma uphikese lo mbono usekele impendulo yakho. UNGADLULI emgqeni emibili. (3)

1.8 Uma ucabanga yini eyenza ukuthi uNkk. Dlamini athi edayisa izimpahla zesintu kodwa igama lesitolo sakhe sibe negama lesilungu? UNGADLULI emgqeni emibili. (2)

19 Kubaluleke ngani ukuthi uma uthenge noma udayisa izimpahla zesintu ubenalo ulwazi noma oluncane ngazo. UNGADLULI emgqeni emibili. (3)

1.10 UNkk. Dlamini ungumuntu ongazibekile phansi kwentuthuko. Fakazela loku ngoveza okunye okubili akwenzayo ngaphandle kwesitolo sakhe. (2)

1.11 Ungumuntu ongakholelwa ekutheni abantu baseNtshonalanga kuphela abakwazi ukuphilisa ezifweni uNkk. Dlamini. Phikisa noma uvumele lo mbono UNGADLULI emgqeni emibili. (2)

1.12 Uma kungase kuthiwe funela uNkk Dlamini umsebenzi ebutisheni,

ungamfaka kumuphi umkhakha. Yini engakwenza umfake kulowo mkhakha.UNGADLULI emgqeni emibili. (2)

1.13 Khetha impendulo eyodwa kulezi ezilandelayo bese ubhala uphawu KUPHELA.

1.13.1 Indawo yaseMthatha ikwesinye salezi zifundazwe.

(i) ILimpopo

(ii) I-Eastern Cape

(iii) I-Northern Cape (1)

1.13.2 Uma ufuna ulwazi olujulile ngezimali zalapha kwaZulu Natali ungathintana noNgqongqoshe:

(i) UNkk. W. Thusi

(ii) UNkk. I. Cronje

(iii) Nkk. P. Nkonyeni

(1)

[25]

2. *Fundisisa isikhangisi osinikeziwe bese uphendula imibuzo ngemisho PHELELE.*



2.1 Iyiphi inkampani ekhiphe lesi sikhangisi? (1)

2.2 Sisetshenziselwe ukwenzani kumfundi isiqubulo esithi," Ubucebi buqala ngaphakathi"? (2)

2.3 Kukhangiswani lapha kulesi sikhangisi? (1)

2.4 Leli gama elithi, "iphupho" umbhali wesikhangisi uchazani ngalo kulesi sikhangisi? (2)

2.5 Umbono othi, okwazi ukukucabanga ngomqondo wakho izandla zakho ngeke zihluleke ukukwenza usivezela buphi ubudlelwano phakathi komqondo nezinto esizenzayo nesingazenzi? Chaza UNGADLULI emgqeni emibili. (2)

2.6 Iqale ngamuphi unyaka ukusebenza eNingizimu Afrika le mali evele Esikhangisweni enesithombe sika Tata uMandela? (1)

2.7 Iliphi idolobha eliyinhlokodolobha yakwaZulu Natali elingekho lapha esikhangisweni? (1)

2.8 Imali okuthiwa amadola idabuka kuliphi izwe? (1)

2.9 Bhala usho ukuthi amazwe alandelayo asebenzisa luphi uhlobo lwemali.

2.9.1 eBotswana (1)

2.9.2 eZimbabwe (1)

[13]

# ISIQEPHU B

1. Fundisisa indatshana oyinikeziwe lapha ngenzansi bese uyifingqa ngamagama ANGADLULILE kwangama30.



**UMCULI kamaskandi uQadasi ozobhulela uJohnny Clegg amazolo ekhonsathini i-Old Mutual at the Lake ezobe iseBotanical Gardens namuhla**

## Uzobhulela amazolo uJohnny Clegg

**THOKOZANI NDLOVU**
thokozani.ndlovu@inl.co.za

UMCULI kamaskandi womlungu ozakhele udumo ngengoma yakhe ethi *Inganono* uzobhulela amazolo inkakha uJohnny Clegg kwi-Old Mutual at The Lake Concert, eBotanical Gardens eThekwini namuhla.

UDavid Jenkins odume ngelikaQadasi uthe yithuba okudala elifisa ukunandisa emcimbini owodwa noJohnny Clegg.

"UJohnny Clegg yiqhawe lami ngizwa nginokuzithoba nenjabulo enkulu ukuthi ngizombhulela amazolo. Okungijabulisa kakhulu ngukuthi sobabili sicula umculo wesintu nowesilungu njengoba sinabalandeli abaxubile.

"Abalandeli bakhe abazobe begcwele eBotanical Gardens kuzobe kufana nokuthi nami ngabami njengoba senza into eyodwa naye.

"Abantu abalindele into yamehlo njengoba ngizophinde ngibantshontshele nasezingomeni zami ezintsha ezikwi-albhamu yesibili ezophuma ngo-Agasti esihloko esithi *Uhambo Olusha*," kusho uQadasi.

UJohnny Clegg osanda kuhlonishwa ngendondo yeProlific Catalogue of Works Award kuma-Wawela Awards ukhuza ibuya eThekwini njengoba egcine nyakenye ukunandisa kuleli dolobha.

Le nkakha izakhele udumo ngenoni layo *Impi* nelithi *Scatterlings of Africa.*

Usejikeleze amazwe, umculo wakhe wadayisa amakhophi angaphezulu kuka-R5 million emhlabeni jikelele.

UQadasi odabuka eMpangeni akagcini ngokucula njengoba ephinde azishayele isigingci adlale i-banjo nenkostini.

Uthando lokucula umaskandi luqale kuyena eseneminyaka engu-9 ekhonze ukubukela imidlalo ekhuluma ngoShaka Zulu ebikhonjiswa kuthelevishini phambilini.

Eseneminyaka engu-12 uyise owayeyintatheli umuphe isigingci afunda ngaso ukusishaya egqugquzelwa ukubona izinkakha zabaculi bakamaskandi oPhuzekhemisi noJohnny Clegg.

Emcimbini wanamuhla amasango azovulwa ngo-1 emini ukuze kuqhutshekwe nokudayisa amathikithi.

Kusuka ngalesi sikhathi kuze kube ngu-1:30 azobe ebiza u-R150. Ngemuva kwalesi sikhathi azobe esebiza u-R180 kuthi awezingane ezineminyaka ephakathi kuka-8 no-12 abe ngu-R50.

Ezineminyaka engaphasi kwengu-8 zizongena mahhala. Izingane zihlelelwe indawo yokudlala eKidZone. Abantu bangeza nama-cooler box abo. Umcimbi uzoqala ngo-2:30 ntambama.

[10]

## ISIQEPHU C

1. Funda kahle isiqeshana esingenzansi bese ulungisa amaphutha akhona kusona ukuze sifundeke kahle. Bhala igama elingalungile nalelo osulilungisile KUPHELA.

1.1 lomama 1.2 wakaDlamini wayekuthanda vele ukubhinca ezesintu. 1.3 Waziwarisha ukuthi angenzenjani ukusiza abanye abanjengaye. 1.4 Ngomhlaka 8 kuNhlolanja wathi 1.5 methintana nabantu abathile, 1.6 walithola usizo kubo. 1.7 Ha kodwa ziyabiza izimpahla zakhe. Mhlawumbe ngabe kungcono ukuba isitolo asikho phakathi 1.8 kwidolobha iTheku. Nokho abantu 19 bamuncoma kakhulu ngezimpahla zakhe noma isitolo 1.10 sikumgaqo ocashile.

[10]

2.(A) Sebenzisa uhlobo lwamabizo asezikokeleni emshweni ozakhele yona wena.

DWEBELA ibizo

emshweni ngamunye.

2.1 Isigaba 5 > (into engabonwa ngamehlo)

2.2 Isigaba 7 > (umfakela)

[4]

2.(B) Bhala imisho usebenzisa amabizo akhiwe ezenzweni ngeziqu zezenzo ozinikezwe ngenzansi. DWEBELA amabizo emshweni.

2.3 – gebenga >14

2.4 – hamba > 7

[4]

3. Shintsha imisho elandelayo uyibhale ngendlela yokuthi umenziwa ashintshe esikhundleni sakhe kusebenze isivumelwano sikamenziwa DWEBELA isivumelwano sikamenziwa osifakile.

3.1 Indoda yasehlanzeni ekhuthele igawula ugodo.

3.2 Kungcono ngoba izingane ezikoleni zifunda izilimu.

[3]

4. Sebenzisa izingcezu zenkulumo ozinikeziwe ngenzansi ukuxoxa ukuthi kwenzekani lapha esithombeni osinikeziwe. DWEBELA ucezu lwenkulumo olusebenzisile.



4.1 Isibaluli esakhiwe ngesiqu sesenzo

4.2 Ongumnini okhanyisayo ukuthi into yakhiwe ngani

4.3 Isibanjalo sesabizwana sokukhomba buqamama (isigaba10)

4.4 Isandiso sesimo ngesiqu sesiphawulo.

[4]

5. Bhala imisho lapho uzosebenzisa khona amagama anezakhi ozinikeziwe ngenzansi ngendlela oyalelwe ngayo ezikokeleni. DWEBELA isakhi emshweni. ISAKHI hhayi igama lonke.

5.1 – isa (impambosi)

5.2 awa- (ukuphika)

5.3 -zi- (ukuzenza)

[3]

6. Buka isithombe esilandelayo bese wakha imisho yakho lapho usebenzise khona izingcezu zenkulumo ezilandelayo. DWEBELA ucezu lwenkulumo emshweni ngamunye.




6.1 Isihlanganiso

6.2 Isenzukuthi esinamalunga amathathu

6.3 Isibabazo

[3]

7. Shintsha imisho elandelayo ibesenkathini oyinikezwe ezikokeleni. DWEBELA isakhi senkathi KUPHELA emshweni.

7.1 Umlobokazi uphelezelwa umthimba eya emzini. (Inkathi oyofika)

7.2 Emgcagcweni kaKhethokwakhe kwabusa wonke umuntu. (Inkathi eyadlula ukuphika)

7.3 Induna yenkosi ihambisa umyalezo esizweni sonke. (Inkathi ezayo ukuphika)

7.4 USithole ukhikhiliza udaka izinselweni zendlovu. (esanda kudlula)

[4]

8. Guqula imisho elandelayo uyenze imibuzo ngokusebenzisa izakhi zokubuza ozinikiwe.

- elani?, – phi?, nini?, -ngani?, - njani?

8.1 Bazovakasha uma sebethathe ikhefu emsebenzini.

8.2 Kufuneka abantu abanenkinga yokuqwasha kuphela.

8.3 Zithe kuzofika ibhasi likahulumeni lizozithatha izalukazi esikhumulweni samabhasi.

8.4 Ufunda esikhungweni sokucija amakhono umuntu asuke azalwe nawo.

[4]

9. Funda umyalezo osezithombeni A kanye no B. Bhala uhlobo lwesifengqo ezisebenzile esithombeni ngasinye. Zisebenzise lezi zifengqo ekwakheni eyakho imisho. DWEBELA isifengqo emshweni wakho.




[4]

10. Sebenzisa isimo senkulumo osinikeziwe ngenzansi ukwakha eyakho imisho enolimi olunothile. DWEBELA isimo senkulumo emshweni yakho.

10.1 Ukukhuluma umuntu

10.2 Ukuhlala phezu kwemali

[4]

11. Sebenzisa lezi zaga ozinikeziwe emshweni ozakhele yona wena. DWEBELA isaga emshweni ngamunye.

11.1 Inja iyawaqeda amanzi ngolimu.

11.3 Izandla ziyagezana.

[4]

12. Bhala igama ELILODWA esikhundleni samagama amaningi lapha ngenzansi. Bhala igama KUPHELA.

12.1 Ngijabule ngiyafa njengoba kuthiwa ngizovakashela *udadewabo kababa* ngamaholidi kaKhisimusi.

12.2 Umama uthe ngizohamba *nomfowethu omncane kunami.*

[2]

ISAMBA [80]